**Ngifun'izulu ikhaya lami,**  
*I long for heaven my home.*  
**Nom'inkathazo isendleleni**  
*Even if trouble is in my way,*  
**Ngophumelela ngoJesu wam'**  
*I shall succeed with my Jesus.*  
**Useceleni eduze nami,**  
*He is beside me,*  
**Ebheka njalo ukuhamba kwami**  
*Guarding my path.*  
**Uzongisiza nasekufeni,**  
*He will be with me in death*  
**Angingenise ekhaya lami.**  
*And lead me to my home.*
- Noma ngigqoka amanikiniki**  
*Though I am wearing worn out clothes,*  
**Ikhon' ingubo emhlophe qwa,**  
*There is a snow white robe*  
**Icolekile ngizoyembatha,**  
*Which I will put on*  
**Mhla ngiqedile ibanga la.**  
*When I finish my course.*

**Nxa nginosizi nezinkathazo**  
*Though I am troubled and sad,*  
**Nghilekw' usulu, ngidelwa nje,**  
*Mocked and abandoned,*  
**Kolunga konke nxa ngingenile**  
*All will be right when I enter*  
**Ekhaya lami elihle hle!**  
*My beautiful home!*

**3. Nonxa ngithwele isiphambano**  
*Though I carry a cross,*  
**Sinzima sona, nisindwa la;**  
*Heavy and pressing down,*  
**Ngizowuthola umqhele lapho**  
*I will receive the crown*  
**Owokuphila. Haleluya!**  
*Of life. Hallelujah!*  
**Ngimbone yena ongithandayo**  
*Seeing Him who loves me;*  
**Nghihlale naye uMfeli wam',**  
*Living with Him who is my Redeemer;*  
**Ngihube khona igam' elisha**  
*Singing there a new song,*  
**Lokudumisa iNkosi yam'.**  
*Praising my Lord.*

## 35. IZETHEMBISO ZENKOSI

### THE PROMISES OF THE LORD

#### **1. Izethembiso zeNkosi**

*The promises of the Lord;*

#### **Zimi phakade zona;**

*They abide forever.*

#### **Wakuqinisa ngegazi**

*He certified through His  
blood*

#### **Akuthembisa khona.**

*That which He promised.*

#### **CHORUS:**

**Kodlul' izulu nomhlaba**  
*The heavens and the earth  
will pass away;*

**Zoncibilik'izintaba**  
*The mountains will melt.*

**Kepha akayukwesaba**  
*But he will not fear*

**Omethembay'uJesu.**  
*The one who trusts in  
Jesus.*

#### **2. Yenza njengoAbrahama**

*Do like Abraham;*

**Bheka ngaseZulwini**  
*Look toward Heaven,*

**Uzibal'izethembiso**  
*And count the blessings,*

**Uqine eNkosini.**  
*And be strong in the Lord.*

#### **3. Themba nokub'**

#### **uzingelwa,**

*Trust even when persecuted,*

**Nxa lungasekh'unyezi;**

*When there is no moonlight.*

**Ngoba ngaphezu kwamafu**

*For beyond the cloud,*

**Zikhon'izinkanyezi.**

*There are stars.*

#### **4. Themba nonxa uzingelwa**

*Trust even when persecuted*

**Ngenxa yenkolo yakho.**

*Because of your faith.*

**Esithandweni somlilo**

*In the flame of fire*

**Unaw'uThixo wakho.**

*God is with you.*

#### **5. Themba noma uyashiywa**

*Trust even when you are  
deserted*

**Abathandwayo bakho:**

*By your loved ones.*

**Ngek'akushiye uJesu,**

*Jesus will not forsake you;*

**Ngaye uyakuqoba.**

*Through Him you will  
conquer.*

#### **6. Themba noma sekuthini**

*Trust no matter what.*

**Uzonc'ishiy'umhlaba:**

*You will leave the earth.*

**Omthemb'uJesu elapha,**

*The one who trusts Jesus  
here*

**Yen'akayikujabha.**

*Will never be disappointed.*

**36. SIYAHAMBA**  
**NGOKUKHOLWA**  
**WE WALK BY FAITH**

**1. Siyahamba ngokukholwa**  
*We walk by faith*  
**Endleleni ey'ekhaya;**  
*On our way home.*  
**Emanzini okuphumula,**  
*Beside the still waters,*  
**Umalusi wosiyisa.**  
*The Shepherd will lead us.*

**CHORUS:**

**Siyahamba**  
**ngokukholwa**  
*We walk by faith;*  
**Siyalizwa izwi laKhe;**  
*We hear His word.*  
**Uyasondla esigcina**  
*He feeds and protects us;*  
**UMalusi siyamazi.**  
*We know the Shepherd.*

**2. Siyahamba ngokukholwa**  
*We walk by faith,*  
**Simlandela uMalusi;**  
*Following the Shepherd;*  
**Nxa zidinwa izimvana**  
*When the lambs get tired*  
**Uzithwala ezigona.**  
*He lifts them and carries them.*

**3. Siyahamba ngokukholwa**  
*We walk by faith;*  
**Siyancika kuMalusi**  
*We depend on the Saviour.*  
**USomandla wosilonda**  
*The Almighty will keep us;*  
**Singethintwe oyimpisi.**  
*The wolves cannot touch us.*

**4. Kunjalo-ke siyahamba**  
*We walk*  
**NoMsindisi ngokukholwa;**  
*With the Saviour by faith.*  
**Songena-ke ekhaya le,**  
*We will enter our home over there,*  
**Nangamehlo siyombona.**  
*And with our eyes we shall see Him.*

### **37. NAMHLA**

### **NGIYAQHUTSHW'ILIZWI** **TODAY THE WORD GUIDES ME**

#### **1. Namhla ngiyaqhutshw' ilizwi**

*Today the Word guides me  
Ngithandaza Nkosi yam'  
To pray to my Lord.*

**Ngiyacela, mangihambe**

*May I walk*

**Kanye nave, Nkosi yam'.**

*With You, my Lord.*

#### **CHORUS:**

**Kanye nave, Nkosi  
yam'**

*With You, my Lord*

**Mangihamb' imihla**

**yonke**

*May I walk day by day*

**Kanye nave, Nkosi**

**yam'.**

*With You, my Lord*

#### **2. Angifun' eyam' indlela,**

*I do not want my way;*

**Mayiphel' intando yam'**

*May my will end*

**Mangihambe mina kodwa**

*So I walk, but*

**Kanye nave, Nkosi yam'.**

*With You, my Lord.*

#### **3. Angifisi yon' imfuyo**

*I do not want livestock;*

**Ize kimi, Nkosi yam'.**

*They are vanity to me, my  
Lord.*

**Ngicebile, he, kakhulu;**

*I am rich, completely*

**Nxa ukimi, Nkosi yam'.**

*If you are with me, my Lord.*

#### **4. Nom' indlela inohlupho**

*Though there is suffering  
along the way;*

**Noma inde, Nkosi yam'**

*Though the way be long;*

**Noma iya eGolgotha**

*Though it leads to Golgotha;*

**Ngiye nave, Nkosi yam'.**

*I will go with You, my Lord.*

## **38. WEN' ONDIDA KUDE** **YOU WHO WANDER**

- 1. Wen'ondida kude,**  
*You who wonder*  
**Phandle kwesibaya**  
*Away from the kraal,*  
**Yizwa izwi lithi:**  
*Listen to the word that says:*  
**Buyel' ekhaya!**  
*Come back home!*

### **CHORUS:**

**Buya, mntwana, buya!**  
*Come, child come!*  
**Ubuyel'ekhaya!**  
*Come back home!*  
**Mus'ukulibala**  
*Do not waste time;*  
**Buyel'ekhaya!**  
*Come back home!*

- 2. Izwe osukulo**  
*The world you are in*  
**Linendlel' enkulu**  
*Is the broad way.*  
**Woza ekudleni**  
*Come to the supper of the*  
**Kombuso wezulu.**  
*Kingdom of heaven.*

- 3. Shiy'indlela embi**  
*Leave off the bad way*  
**Emphambu-kisayo,**  
*That leads astray.*  
**Kuyo kunosizi**  
*In it there is agony*  
**Oluhlabayo.**  
*Bitter.*
- 4. Wena usathandwa,**  
*You are loved.*  
**Uhlalelw' ekhaya**  
*They are waiting for you at*  
*home.*  
**Sebekubhekile,**  
*They are looking for you—*  
**Abalaphaya!**  
*Those over there!*

## 39. NGINGENWE EMOYENI

**WAM'**

I HAVE IN MY SOUL

- Ngingenwe emoyeni wam'**  
*I have in my soul*  
**Ilizwi Lakho, Nkosi yam',**  
*Your word, O, Lord.*  
**Sengilambele Wena nje,**  
*I am longing for You.*  
**Ungen'ubuse kimi-ke.**  
*To come and rule my soul.*

### **CHORUS:**

**Ngihlanze emoyeni  
wam'**  
*Purify my soul.*  
**Mangibethelw'uqobo  
lwam',**  
*May I crucify myself.*  
**Senginikele konk'**  
**okwam'**  
*I give all I own*  
**Kuwe, kuwe, kuwe.**  
*To You, to You, to You.*

- Mabala onke, Nkosi yam',**  
*From every spot, my Lord*  
**Awungcolis' umoya wam'**  
*That has soiled my soul,*  
**Ngihlanze kuwo  
namhlanje**  
*Cleanse me today;*  
**Ungenze ngikufuze, he.**  
*Let me be like You.*

### **3. Ngingabi ngiziqhenya la.**

*Let me not be proud,  
Angithi, sengifile nya.*

*For I have died.  
Inkambo yam' ikhombe-  
ke*  
*My journey is pointing to  
Kuyen'owangifela, he.*  
*The One who died for me.*

### **4. Ngingawukhohlwa**

**umhla lo**

*Let me not forget the day  
Nxa satholana nawe? Wo!  
When we first met;  
Ungiqinise, Jesu wam',  
When you strengthened me  
my Jesus,  
Kube nguwen' impilo  
yam'?*  
*And became the whole of my  
life.*

## **40. TSHALA EKUSENI** ***SOWING IN THE MORNING***

- Tshala ekuseni, tshal'imbewu yezwi,**  
*Sowing in the morning, sowing seeds of the word;*  
**Tshala nasemini, tshala ngokuthanda**  
*Sowing in the day, sowing with love;*  
**Ubhek' ukuvuna, mhla sobizw' Nkosi**  
*Looking for the harvest when the Lord calls,*  
**Ngomhla wenjabulo, Sizophatha inyanda**  
*On the day of happiness, bringing in the sheaves.*

### **CHORUS:**

**Sizophatha inyanda**  
*Bringing in the sheaves;*  
**Sizophatha inyanda**  
*Bringing in the sheaves;*  
**Ngomhla wenjabulo,**  
*On the day of happiness;*  
**Sizophatha inyanda.**  
*Bringing in the sheaves.*

- Tshala emthunzini, tshala elangeni,**  
*Sowing in the shadows, sowing in the sunshine;*  
**Ungasab' amafu, nonxa ayabanda**  
*Fearing neither clouds nor cold.*  
**Sonce sigoduke, kuphel' umsebenzi**  
*We go back when the work is done;*  
**Ngomhla wenjabulo, sizophatha inyanda.**  
*It will be a day of joy, bringing in the sheaves.*
- Nom'izinyembezi zomathis' imbewu**  
*Even your tears will water the seed;*  
**Iyomila kahle, yebo, iyakwanda.**  
*It will grow well, yes, and increase.*  
**Zinyembezi zakho ziyo sulw' iNkosi**  
*All your tears will be wiped by the Lord.*  
**Ngomhla wenjabulo, sizophatha inyanda.**  
*It will be a day of joy, bringing in the sheaves.*

**41. NGOMSINDIS' ONAMI  
LA EMPINI**  
**THROUGH THE SAVIOUR WHO IS  
WITH ME IN THE WAR**

**1. Ngomsindis' onami la  
empini,**

*Through the Saviour Who is  
with me in the war,*

**Ngiyagcinwa noma  
kungathini**

*I am protected no matter  
what.*

**Ungisith'  
esivunguvungwini**

*He shields me from the  
whirlwind*

**Esandleni somusa.**

*In the hand of grace.*

**CHORUS:**

**Esandleni somusa,**

*In the hand of grace*

**Esandleni somusa,**

*In the hand of grace*

**Ngiyagcinwa noma**

**kunga-thini**

*I am being protected no  
matter what.*

**Esandleni somusa.**

*In the hand of grace*

**2. Ungigona ngemikhono  
yakhe,**

*He holds me with His arms,  
Ngiyathokozisw'amazwi  
akhe,*

*His words are joyful to me.  
Ngiyalodwa ngobuqhaw  
Bakhe*

*I am being kept through His  
victory*

**Esandleni somusa.**

*In the hand of grace.*

**3. Yena akasoze angiyeke,**

*He will never forsake me;*

*Ngingephucwe futhi kuye-  
ngeke;*

*No one can take me away  
from Him.*

**Ngoba ungiphethe  
ngesineke**

*He is holding me with care,*

**Esandleni somusa.**

*In the hand of grace.*

## **42. MANGISONDELE** LET ME DRAW NEAR

### **1. Mangisondele kuwena, Nkosi**

*Let me draw near to You, Lord;  
Noma ngiaghutshwa  
inhlupheko, Nkosi  
Even in troubles, Lord,  
Ngingathokoza; ngiphinde  
ngithinje,  
I can rejoice; and I say  
again  
Ungisondeze, Nkosi kuwe  
manje.  
Draw me near, Lord, to You  
now.*

### **2. Noma ngehlelwa ngokubi, Nkosi,**

*When I have troubles, Lord;  
Ngilel'etsheni,  
ngihlupheka, Nkosi,  
When sleeping on the rock;  
while I am suffering, Lord;  
Emaphushweni njalo  
ngingathi-nje,  
In my dreams I can always  
say,  
Ungisondeze, Nkosi, kuwe  
manje.  
Draw me near, Lord, to You  
now.*

### **3. Ngibonisise, O Nkosi yami** *Let me see, O my Lord, Ukuthi konke okukuwe, Nkosi*

*That all things in You, Lord,*

### **Kuyizithunywa zokungisiza-nje**

*Are messengers to help  
Kungisondeze, Nkosi,  
kuwe manje.  
Draw me near, Lord to You  
now.*

### **4. Nasekuseni ngobonga, Nkosi**

*In the morning I give thanks,  
Lord;  
Nasosizini ngodumisa,  
Nkosi  
In sorrow I give praise,  
Lord,  
Uma kungabe-  
ngokuhlupheka kwami*

*Because in my sufferings,  
Ngiyasondezwa, Nkosi,  
kuwe manje.*

*I draw nearer, Lord, to You  
now.*

### **5. Noma ngindiza ngethaba, Nkosi,**

*If I fly away in happiness,  
Lord;  
Ngiye phezulu eZulwini,  
Nkosi,  
To Heaven above, Lord;  
Njalo ngovuma, ngiphinde  
ngithi-nje,*

*I will always confess and  
repeat,*

*Ungisondeze, Nkosi, kuwe  
manje.*

*Draw me near, Lord, to You  
now.*

## **43. THATHA UKUPHILA**

**KWAMI**  
**TAKE MY LIFE**

- 1. Thatha ukuphila kwami**  
*Take my life;*  
**Kungokwakho, Nkosi**  
**yami;**  
*It is Yours, my Lord.*  
**Thatha isikhathi sami**  
*Take my time*  
**Ngingayenz' intando yami.**  
*And let me not do my will.*
- 2. Thatha naz' isandla zami,**  
*Take my hands;*  
**Zingasebenzel' okwami;**  
*May they not work for me.*  
**Thatha izinyawo zami**  
*Take my feet;*  
**Zingahamb' indlela yami.**  
*May they not take me astray.*
- 3. Thatha nank' umlomo**  
**wami**  
*Take here my mouth*  
**Udumis' iNkosi yami;**  
*To praise my Lord.*  
**Thatha izindebe zami**  
*Take my lips*  
**Zingakhulumel' okwami.**  
*And let them not speak of*  
*me.*

- 4. Thatha nans' imali yami**  
*Take, here is my money;*  
**Busa isikhwama sami!**  
*Rule over my purse!*  
**Thatha ukuqonda kwami,**  
*Take my understanding,*  
**Kungokwakho, Mdali**  
**wami.**  
*It is Yours, my Creator.*

## **44. MANGALISA, MSINDISI**

**KIMINA**  
**MARVELOUS SAVIOUR**

- 1. Mangalisa, Msindisi**  
**kimina,**  
**Hlanzwe ngegazi**  
**laseKalvari,**  
**Thethelelw' izono**  
**khululiwe,**  
**Mangalisa, Msindisi**  
**kimina.**
- 2. Wonderful, marvelous, He**  
**is to me,**  
**Washed in the blood that**  
**flowed at Calvary,**  
**Pardon from sin and**  
**forever set free,**  
**Wonderful, wonderful**  
**Saviour is He.**

**45. JABULANI**  
**BAZALWANE**  
**REJOICE, BRETHREN**

**1. Jabulani, bazalwane,**  
*Rejoice, brethren*

**ENkosini yethu la:**  
*In our Lord here.*

**Sizobizwa masinyane**  
*We will soon be called*

**EZulwini laphaya.**  
*To Heaven over there.*

**CHORUS:**

**Nxa singena ekhaya**  
*When we all get home*

**Ukubona iNkosi laphaya**  
*To see our Lord over  
there,*

**Sojabula sonke**  
*We will all be happy,*  
**Sohlabelel' Haleluya!**  
*Singing Hallelujah!*

**2. Sogqokiswa ngalemini**  
*We will be dressed on that  
day*

**Okumhlop' okuthe qwa,**  
*In white without stain,*  
**Nxa singena eNkosini**  
*When we all see the Lord*  
**EZulwini laphaya.**  
*In Heaven over there.*

**3. Abangewele abavela**

*Saints who endure,  
Ekuhluphekeni la*

*Suffering here will  
Zinyembezi zizosulwa*

*Have their tears wiped away  
EZulwini laphaya.*

*In Heaven over there.*

**4. NoMsindisi sizombona,**

*We will see the Saviour too,  
Yeno wasifela la.*

*Who died for us here.*

**Naphakade sizombona**

*We will thank Him forever  
EZulwini laphaya.*

*In Heaven over there.*

**5. Wena mngane usuthini?**

*Friend, what do you say?*

**Uzohamba nathi na?**

*Will you go with us?*

**Sokubona ngalemini?**

*Will we see you on that day?*

**EZulwini laphaya.**

*In Heaven over there.*

## **46. WEBANI YIZWA!** **ALL YOU HEAR!**

### **1. Webani, yizw' indaba yami:**

*All you, hear my story.*

**Ngangisekulahleken'**

*I was lost*

**Kodwa wehla uMhlengi wami,**

*But my Redeemer descended*

**Wangikhipha ekufen'.**

*And saved me from death.*

### **CHORUS:**

**LoMhlengi ungebani na?**

*Who is this Redeemer?*

**NguJes': amukh'**

**omunye qha!**

*He is Jesus, no one else!*

**Wenzani na? Wehla wafa!**

*What did He do? He descended and died.*

**Uphi namhla? Wavuka, ha!**

*Where is He now? He arose!*

**Usesimel'eZulwini.**

*He is now representing us in Heaven.*

### **2. Wabudel' ubukhosi bakhe,**

*He left His throne;*

**Wehla wafa emhlaben'**

*Descended and died on earth.*

**Igam' elinguJesu Kristu,**  
*Let the name of Jesus Christ*  
**Malibongwe ezizwen'.**  
*Be praised in the nations.*

### **3. Lendaba isahamba njalo**

*This story continues;*

**Ivus' abasekufen'**

*It wakes the dead;*

**Yebo, ived' imvuselelo**

*Yes, it brings revival;*

**Isiqhuba endlelen'.**

*It keeps us in the way.*

## **47. SENGINENGOMA**

### **ENHLE BO**

### **I HAVE A GOOD SONG**

- Senginengoma enhle bo**  
*I have a good song*  
**Selokhu ngakhululwa,**  
*Since I was redeemed.*  
**Nguye onguMsindisi wam'**  
*Through Him who is my Saviour;*  
**Selokhu ngakhululwa.**  
*Since I was redeemed.*
- CHORUS:**  
**Lokhu sengikhululiwe,**  
*Since I was redeemed,*  
**Ngolibonga igama lakhe,**  
*I will give thanks to His name.*  
**Lokhu sengikhululiwe,**  
*Since I was redeemed,*  
**Ngodumisa uMsindisi wami.**  
*I will praise my Saviour.*
- Usenganel'uKristu wam,**  
*My Christ is enough,*  
**Selokhu ngakhululwa,**  
*Since I was redeemed.*  
**Intando yakh'isingeyam**  
*His will is my will,*  
**Selokhu ngakhululwa.**  
*Since I was redeemed.*
- Nginofakazi enhliz'weni yam,**  
*I have a witness in my heart,*  
**Selokhu ngakhululwa,**

*Since I was redeemed.*  
**Oxoshe ukwesaba kwam'**  
*He drove my fears away,*  
**Selokhu ngakhululwa.**  
*Since I was redeemed.*

- Anginakusho ukujaja kwam',**  
*I will not use my own judgment,*  
**Selokhu ngakhululwa,**  
*Since I was redeemed.*  
**Kungaye onguMfeli wam',**  
*I will use the judgement of Him who died on my behalf,*  
**Selokhu ngakhululwa**  
*Since I was redeemed.*
- Ikhaya sengilungiselwe le,**  
*I have a home prepared for me over there,*  
**Selokhu ngakhululwa,**  
*Since I was redeemed.*  
**Ngizoya kuMsindisi wam',**  
*I will go to my Saviour,*  
**Yilokhu ngakhululwa**  
*For I was redeemed.*

**48. YEK' UBUHLE**  
**BOKUKHOLWA**  
**HOW GOOD TO BELIEVE**

**1. Yek' ubuhle bokukholwa**  
**uMsindisi wam'**

*How good to believe in my  
Saviour*

**La bungakadlul' ubusha**  
**bami;**

*When my youth has not  
passed me by.*

**Ngisemusha, ithambile**  
**inhliziyo yam'**

*In my youth my heart is  
tender;*

**Iyamthanda yen'**

**Umhlobo wami.**

*It loves my Friend.*

**CHORUS:**

**Yek' ubuhle bokumazi**  
**ebusheni bam'**

*How good to know Him in  
my youth;*

**Ukumthand' uJesu,**  
**uMsindisi**

*To love Jesus, the  
Saviour.*

**Nxa ngimdalala kudlulile**  
**konke okuhle kwam'**

*When I am old and my  
strength is gone,*

**Umi nami**  
**enguMthokozisi.**

*He will stand by me and  
be my Comforter.*

**2. Yek' ubuhle**  
**bokumkhonza ebusheni**  
**bam'**

*How good to worship Him  
in my youth;*

**Ukumsebenzel'**

**uNkulunkulu**

*To work for God.*

**Akadeli nokumkhonza**  
**okuncane kwam'**

*He does not ignore my  
worship which is so small,*

**Kepha wonginik' umvuz'**  
**omkhulu.**

*But will give me a great  
reward.*

**3. Yek' ubuhl' ukumlalela**  
**ebusheni bam'**

*How good to listen to Him in  
my youth,*

**Ubudala bungakangeleli;**  
*When old age has not yet  
come.*

**Angiyikushayw' uvalo**  
**enhliz'weni yam'**

*I will not have fear in my  
heart;*

**Ngiyam'themb' uJesu,**  
**unguMmeli.**

*I trust Jesus, my Advocate.*

**4. Yek' ubuhle bokumbheka  
ebusheni bam'**

*How good to behold Him in  
my youth;*

**Nxa ebuya,  
uyakungamkela.**

*When He comes He will  
receive me.*

**Inyembezi wozisula  
emehlweni am'**

*He will wipe away my tears;  
Wonginika konk'*

**okuhl'impela.**

*He will give me every good  
thing.*

**49. PHAPHAMANI  
BAZALWANE!  
WAKE UP, BRETHREN!**

**1. Phaphamani bazalwane  
bakaKristu!**

*Wake up, brethren of Christ!*

**Vukanini! Sekusile bo!**

*Get up! It is dawn!*

**Hlomanini izikhali,  
bazalwane!**

*Put on your armour,  
brethren!*

**Nisakhwelwa ubuthongo,  
wo!**

*Do not let sleepiness master  
you!*

**CHORUS:**

**Vukanini, bandla bo!**

*Wake up, church!*

**Anibon'izitha na?**

*Don't you see the enemy?*

**Hlomanini izikhali  
zokukholwa**

*Put on the armour of faith*

**Ngosomandla sizonqoba  
nqo!**

*For we will conquer with  
the Almighty.*

**2. Ubutshwala namanyala  
bazalwane,**

*Liquor and sensuality,  
brethren—*

**Akuzon'izitha zethu na?**

*Are they not our enemies?*

**USathan'usivukele  
bazalwane;**

*Satan has risen against us,  
brethren;*

**Somvumela yini? Ngeke  
qha!**

*Shall we allow him? No, no!*

**3. Qhubekani, qinisani,  
bazalwane,**

*Continue; be persistent,  
brethren.*

**Ningahlehli, ngisho  
nakanci.**

*Don't go back, not even a little.*

**Ningabheki ngasemuva  
bazalwane,**

*Don't look back, brethren,*

**Yimanini isibindi ngqi!**

*But be courageous!*

## **50. KENIBHEK' UTHANDO**

### **LWAKHE** **SEE HIS LOVE**

#### **1. Kenibhek' uthando**

**IwaKhe,**

*See His love*

**Asinike lon' uYise**

*The Father has shown us*

**Sesithiwe abantwana**

*That we are called children,*

**Futhi usamukelisile**

*And He has given us*

**Ithembba enhliziyeni**

*Hope in our hearts*

**Impilo eyakussasa**

*For future life.*

**Kulotshiwe encwadini**

*It is written in the book*

**Elikhomba ifa lethu.**

*Showing our inheritance.*

#### **CHORUS:**

**Yek' umusa! Yek'**  
**uthando!**

*What grace! What love!*

**Sesingabantwana bakhe.**

*We are Your children.*

**Yek' umusa! Yek'**  
**uthando!**

*What grace! What love!*

**Siyizindlalifa zakhe**

*We are Your heirs.*

#### **2. Kenibhek' uthando**

**IwaKhe**

*See His love;*

**Wanikela ngeNdodana**

*He gave His Son*

**Eyayithandeka Kuye**

*Whom He loved*

**Ezelweyo iyodwana**

*His only begotten Son.*

**Yeza Yona yasisiza**

*He came and helped us,*

**Yabonis' uthando Iwayo**

*Showing His love.*

**Yasibekel' ukuphila**

*He gave His life*

**Esiphambanweni sayo.**

*On the cross.*

#### **3. Kenibhek' uthando**

**Iwakhe**

*See His love,*

**Ngob' usikhethile futhi**

*Because He chose us*

**Sibe izithunywa zakhe**

*To be His messengers*

**Sibatsheli bonk' ukuthi:**

*To tell everyone:*

**Okholwayo loluthando**

*He who believes in that love*

**Wosindiswa ezonweni;**

*Will be saved from his sins;*

**Kodwa odelayo lona**

*But he who denies it*

**Uyoshona ekufeni.**

*Will die.*

## **51. YEK' IKHAYA ELIHLE** **OH BEAUTIFUL HOME**

### **1. Yek' ikhaya elihle nantiya!**

*Oh beautiful home there it  
is!*

### **Silibona ngamehl' enhлизиyo.**

*We see it in our hearts.*

### **Masinyane siyakulishiya We would like to leave this Izwe elingajabulisayo.**

*Unhappy land.*

### **CHORUS:**

#### **Khaya lam', lihle hle!**

*My home, my beautiful  
home!*

#### **Ngaphesheya kwethuna ngale!**

*Beyond the grave!*

#### **Khaya lam', lihle hle!**

*My home, my beautiful home!*

#### **Ngaphesheya kwethuna ngale!**

*Beyond the grave!*

### **2. Sizombona uJesu phezulu, We will see Jesus above**

### **Nabalwile, benqobe ukona.**

*And those who have fought and  
won over sin.*

### **Basilangazelela kakhulu They long for us greatly.**

### **Ngokukholwa sesiyababona.**

*By faith we see them.*

### **3. Bonke abanethemb' elijalo**

*All who have such hope*

### **Bayazihlambulula impela**

*Purify themselves;*

### **Bayalahla izono nem'thwalo,**

*They cast away sins and  
burdens*

### **Nakho konk' okubabambezela.**

*And all things that hinder  
them.*

### **4. NgoMsindisi owasifelayo**

*Through our Saviour who  
died for us*

### **Singangena ekhaya phezulu,**

*We will reach the home  
above.*

### **Thina sonke esimlandelayo**

*All who follow Him  
Siyothol'intokozo enkulu.*

*Will find great joy.*

## **52. SESIZWILE IZINDABA** **WE HAVE HEARD GOOD NEWS**

### **1. Sesizwile izindaba**

*We have heard good news  
Zombuso omkhulu,  
About the great kingdom.  
Masidele okwomhlaba,  
Let us forsake the world  
Samkel'okwezulu!  
And accept things from above!*

### **2. Thina sonke simenyiwe**

*We are all invited  
Ukuz'edilini  
To come to the feast.  
Nengubo siyinikiwe  
We are given a robe  
Ivel'Nkosini.  
From the Lord.*

### **3. Masingabi namazaba,**

*Let us not have excuses  
Sizilandulele  
To excuse ourselves.  
Samkele ngokwethaba  
Receive with happiness  
Umem'olungcwela.  
The holy invitation.*

### **4. Ngoba uma sesinqaba**

*For if we refuse  
Ukuz'emthimbeni,  
To come to the wedding,  
Idlule kithi lendaba,  
This news will pass us by,  
Imem'ezizweni.  
And be brought to the nations.*

## **53. WAZITHWALA IZONO** **ZAMI** **HE BORE MY SINS**

### **1. Wazithwal' izono zami**

*He bore my sins,  
UMsindisi, uMsindisi  
My Saviour, my Saviour.  
Wabuqed' ububi bami  
He took away my iniquity  
Esipha-mba-nweni.  
On the cross.*

### **CHORUS:**

**Sengihub' injabulo,**  
*Now I am singing my joy.*  
**Sengihub' injabulo**  
*Now I am singing my joy.*  
**Sengihub' injabulo.**  
*Now I am singing my joy.*

### **2. Wanginik' ithemb' elisha**

*He gave me new hope  
Lokuphila kwaphakade  
Of eternal life.  
Seluphela lonk' uvalo  
All fear is gone;  
Sengingo-nqo-tshelwe.  
He conquered for me.*

### **3. Ukuphila kwami konke**

*All my life  
KukuKristu uMsindisi  
Is in Christ the Saviour.  
Kudlulil' okwakuqala  
Old things have passed  
away;  
Sekuvele okusha.  
New things have come.*

## **54. LIFIKILE IVANGELI** ***THE GOSPEL HAS COME***

### **1. Lifikile ivangeli**

*The gospel has come*

**Esizweni sakwaZulu;**

*To the Zulu nation.*

**Lilethile ukukhanya**

*It has brought light*

**Nezinhlanhla ezinkulu**

*And great riches;*

**Imikhuba yobumnyama**

*Habits of darkness*

**Iyaxoshw' ikhwezi leli**

*Are banished by it.*

**Siyabingelel' ukusa**

*We are greeting the beginning  
of the day.*

**Lifikile ivangeli.**

*The gospel has come.*

### **2. Lifikile ivangeli**

*The gospel has come;*

**Balileth' abafundisi;**

*The teachers brought it.*

**Beza basishumayeza**

*They came and preached to  
us*

**Ngay' uBaba, uMsindisi**

*Of the Father and the  
Saviour*

**Olithanda izwe lonke.**

*Who loves all nations.*

**Wehla yena waba 'Mfeli;**

*He descended and became  
the Saviour.*

**Siyahalalis' impela,**

*We are applauding;*

**Lifikile ivangeli.**

*The gospel has come.*

### **3. Lifikile ivangeli**

*The gospel has come.*

**Lona lisitshel' ukuthi**

*It tells us*

**Masilahle zonk' izono**

*To throw away sins,*

**Ngoba zona ziwubuthi.**

*Because sin is poison.*

**Sesimaz' uMoy' umuhle,**

*Having known the Good  
Spirit,*

**Ungumhlengi, unguMmeli**

*The Redeemer, our  
Representative*

**Siyabonga nokubonga,**

*We give thanks again and  
again;*

**Lifikile ivangeli.**

*The gospel has come.*

### **4. Lifikile ivangeli**

*The gospel has come;*

**Sesinal' ithemb' impela.**

*We now have hope.*

**Sinekhaya le phezulu,**

*We have a home above;*

**Lapho soziphumulela.**

*There we will rest.*

**Mhla simuka kulelizwe**

*When we leave this land,*

**Sesinaye uMholeli.**

*We have a leader.*

**Haleluya! Haleluya!**

*Hallelujah! Hallelujah!*

**Lifikile ivangeli.**

*The gospel has come.*

## **55. NJENGABASE- JERUSALEM** **AS THE JERUSALEMITES**

- 1. Njengabase-Jerusalema**  
*As the Jerusalemites*  
**Bambong' uJesu oyiNkosi**  
*Thanked Jesus, the Lord,*  
**Nathi sonke khona la**  
*May we also all here*  
**Masibong' uJesu.**  
*Give thanks to Jesus.*

### **CHORUS:**

**Vumanini, masibong'**  
**iNkosi**  
*Confess, and let us thank  
the Lord.*

**Vumanini, masibong'**  
**iNkosi**  
*Come, let us thank the  
Lord.*

**Dumisani! Dumisani!**  
*Give praise! Give praise!*

**Dumisan' iNkosi yethu!**  
*Give praise to our Lord!*

- 2. Wavuma wahlupheka**  
**yena,**  
*He offered to endure  
suffering*  
**Wadela ubukhosi bakhe,**  
*Forsaking His glory;*  
**Wehla phansi khona la,**  
*He came down*  
**Abe nguMsindisi.**  
*To be our Saviour.*

- 3. Wayenomus' enobunene**  
*He was merciful and kind;*  
**Abeza kuye basindiswa;**  
*Those who came to Him  
were saved.*
- Bavuswa, baphiliswa nya,**  
*They were raised and healed  
completely;*
- Bonke babusiswa.**  
*They were all blessed.*

## **56. KHANGEL' UMSINDISI**

### **WETHU**

### **BEHOLD OUR SAVIOUR**

- 1. Khangel'uMsindisi wethu**  
*Behold our Saviour*  
**Ebethelw'emthini;**  
*Being hanged on the tree.*  
**Hay', uthando olungaka,**  
*Oh, what a love;*  
**Ngokufel'aboni!**  
*Dying for sinners!*

### **CHORUS:**

**Hay', iMvana eyophayo**  
*Oh, the Lamb that shed blood*

**Yahlatshelwa thina**  
*Became our sacrifice.*

**Hay' uMmeli wabonayo**  
*Oh, the Mediator for sinners;*

**Wasimela thina.**  
*He stood on our behalf.*

- 2. Yizwa ethi, "Thethelela**  
*Hear Him say, "Forgive*  
**Labababulali;"**  
*Those murderers."*  
**Abakwazi lokhu Baba**  
*They do not know, Father*  
**Abakwenze kimi.**  
*What they did to Me.*

- 3. Wasekhala "Thixo wami,**  
*He cried out, "My God,*  
**Ungishiyelani?"**  
*Why have You forsaken Me?"*  
**Wagebis'ikhanda lakhe**  
*He bowed His head*  
**Wafa ngenxa yethu.**  
*And died for us.*
- 4. Wasuzamazam'umhlaba**  
*The earth was shaken*  
**Ekufeni kwakhe**  
*In His death.*  
**Ilanga lafahlakala;**  
*The sun was hidden;*  
**Aqhephuk'amatshe.**  
*The rocks were broken.*
- 5. Bhek'icala lihlawulwe**  
*Behold, He was our propitiation for our guilt*  
**Ngobuhlungu baKhe;**  
*By His pain.*  
**Nakithina uzwakele**  
*We have heard*  
**Lowomusa waKhe.**  
*His grace.*

## **57. NGIHLOSILE UKWENYUKA**

*I'M PRESSING ON THE UPWARD WAY*

- 1. Ngihlosile ukwenyuka,**  
*I purpose to go upward,*  
**Mazinga masha**  
**ng'wazuza,**  
*New heights I'm gaining.*  
**Ngisakhuleka ng'boshiwe,**  
*Still praying as I onward*  
*bound,*  
**"Nkosi qinis' inyawo**  
**zami."**  
*"Lord, strengthen my feet."*

### **CHORUS:**

**Nkosi ngiyacela kuwe**  
*Lord, I am asking You*  
**Ngiqinisi' ekukholweni,**  
*To strengthen me in faith;*  
**Endaweni ephakeme**  
*In a high place,*  
**Nkosi qinis' inyawo**  
**zami.**  
*Lord, strengthen my feet.*

- 2. Nhliyo yami ayifisi;**  
*My heart has no desire*  
**Kungabaza nokwesaba**  
*For doubts and fears.*  
**Nom'abanye bekufisa;**  
*Though some may desire*  
*these,*  
**Indawo yami iphakeme.**  
*My place is higher.*
- 3. Ngifuna ukukhuphuka,**  
*I want to climb,*  
**Nom' uSathan' engilinga**  
*Though Satan tempts;*  
**Iculo labazalwane,**  
*The song of brethren*  
**Lisendawen' ephakeme.**  
*Is in a high place.*
- 4. Ngizobuka maphezulu,**  
*I will look above;*  
**Ngithole inkazimulo**  
*I receive glory;*  
**Ngizokhulekel' izulu,**  
*I will pray for heaven—*  
**Nkosi ngiyise phezulu.**  
*Lord, take me up.*

## **58. INJABULO**

### **YENHLIZIYO YAMI** **THE JOY OF MY HEART**

- 1. Injabulo yenhliziyo yami**  
*The joy of my heart*  
**InguWena, Jesu Mhlobo wami,**  
*It is You, Jesus my Friend.*  
**Umsa wakh'umnandi enhliz'weni**  
*Your mercy is good in the heart*  
**Kunemfuyo yonke emhlabeni.**  
*Above all the wealth in the world.*
- 2. Mawungiphe ukuqonda kwakho**  
*Give me Your understanding;*  
**Zonke izinsuku, ngibe nakho**  
*Everyday to have it.*  
**Ngenjabulo noma ngezinsizi**  
*Through joy or pain,*  
**Ngisondezwe kuwe, oMsindisi!**  
*Being drawn to You, Saviour.*

- 3. Ngiyathanda ukulalela**

*I want to obey;*

**Ngenhliziyo yonke yam' impela**

*With my whole heart indeed.*

**Kepha kudingeka ungisize,**

*But I need Your assistance;*

**Nangamandla**

**akh'ungiqinise**

*Strengthen me through Your strength.*

- 4. Mhla ngiyakumuka emhlabeni**

*When I leave the earth,*

**Ngingeniswe ekujabuleni;**

*Being taken to the joy*

**Lapho kanye nabangcwеле bonke**

*Where together with all the saints,*

**Ngikubonge ngenhliziyo yonke**

*I will give thanks with my whole heart.*

## **59. HAMBANI KAHLE** **Go Well**

- Hambani kahle, kahle njalo,**  
*Go well, well always,*  
**Zihlobo zethu eNkosini**  
*Our companions in the Lord.*  
**Nilunge ngomsa nangomyalo**  
*Be straight in mercy and obedience*  
**KaJesu Kristu endleleni.**  
*Of Jesus Christ, on the way.*  
**Elika "hamba kahle" kodwa**  
*The phrase "go well" is known*  
**Laziw'abakaKristu nje**  
*By those of Christ;*  
**Kuhamba kahle bona bodwa**  
*Go well here and*  
**Nakhona lapha nangale.**  
*On the other side.*
- Kunjalo, bandla, sobonana,**  
*Yes, we will meet one another*  
**Esez'uJesu emafini,**  
*When Jesus comes from the cloud.*  
**Sohalalisana, mzukwana**  
*We will congratulate one another*

**Lidliw' ihlobo eZulwini.**  
*When we enjoy summer in Heaven.*  
**Sokhonz' inkonzo enkulu**  
*We will have a great worship*  
**Endlini inye khona le,**  
*In one room there.*  
**Ake siqondise phezulu**  
*Let our destination be above;*  
**Inkambo yethu, sithi nse.**  
*Our behavior, firm.*

**3. Bezibekel' abakho, Baba,**  
*Cover Your people, Father,*  
**Ngephiko lomusa wakho,**  
*With Your wing of mercy.*  
**Baqoqe kuwo won' umhlaba**  
*Collect them from all the earth;*  
**Babe ngumhlambi munye wakho**  
*Let them be one flock.*  
**Qinis' inkolo yethu nalo**  
*Strengthen our faith*  
**Ithembal lethu, kuthi ngqi**  
*And our hope properly;*  
**Nothand' uluvuthise njalo**  
*Let our love burn within us*  
**Uzusibeke eZulwini.**  
*Until you take us to Heaven.*

## **60. BAYETHE NKOSI**

### **YAMAKHOSI**

### **HAIL LORD OF LORDS**

- 1. Bayethe! Nkosi yamakhos'**  
*Hail, Lord of lords,*  
**Ogama linguJesu,**  
*Whose name is Jesus.*  
**Lethan'umqhele**  
**wobukhos'**  
*Bring forth the royal diadem*  
**Nimthwese wona, nithi:**  
*And crown Him, saying:*  
**Nkosi yakho konke!**  
*Lord of all!*
- 2. Nin'eningelukhohlwe, qha**  
*You who will never forget*  
**Loluthando olukhulu**  
*This great love*  
**Lomfeli wenu, zanini**  
*Of the One Who died for*  
*you, come*  
**Nimthwes' umqhele, nithi;**  
*And crown Him, saying:*  
**Nkosi yakho konke!**  
*Lord of all!*
- 3. Makuthi bon' abezizwe**  
*Let all nations*  
**Baguqe phambi kwakhe**  
*Kneel before Him,*  
**Bambonge bengaphezi la,**  
*Praising Him unendingly;*  
**Bamthwes' umqhele,**  
**bethi:**  
*And crown Him, saying:*  
**Nkosi yakho konke!**  
*Lord of all!*

- 4. Nami-ke Jesu, Mhlengi**  
**wami;**  
*Even I, Jesus my Redeemer,*  
**Sengisondele kuwe**  
*I have come to You,*  
**Ngileth' okwami konke,**  
**Nkos',**  
*Bringing all that is mine,*  
*Lord,*  
**Ngithela kuwe, ngithi:**  
*Laying it down to You,*  
*saying:*  
**Nkosi yakho konke!**  
*Lord of all!*

## **61. UMZUZU NAY' UJESU**

### **TIME WITH JESUS**

#### **1. Umzuzu nay' uJesu**

*Time with Jesus*

**Uyaguqula njalo**

*Always changes*

**Usizi nezinkathazo,**

*Troubles and sorrows*

**Uyaluxosh' uvalo**

*And takes away fear.*

**Ngingenwa ukwethaba**

*I have a joy.*

**Nanxa ngimbheka-ke**

*When I behold Him,*

**Ubuuhle balomhlaba**

*The beauty of this earth*

**Ngishay' indiva nje.**

*I consider as vain.*

#### **2. Umzuzu nay' uJesu**

*Time with Jesus;*

**Khangel'uthand' analo!**

*See the love He has!*

**Nilethe njalo kuye**

*Always bringing to Him*

**Usizi nemithwalo**

*Sorrows and burdens.*

**Nanxa ngidinw' indlela**

*Though I am exhausted in  
the way,*

**Aphel' amandla nya,**

*Losing strength altogether,*

**Kuyongisiz' impela**

*It will help me greatly*

**Umzuzu naye la.**

*Time with Him here.*

#### **3. Sengathi ngibe nawo**

*I want to have it*

**Mihleni yonke yami**

*All days of my life,*

**Umzuzu nay' uJesu**

*Time with Jesus.*

**Ekuhambeni kwami.**

*As I am walking,*

**Kufisa kwami konke**

*My every desire*

**Impela yikho-ke:**

*Is only this:*

**Kuze kube phakade**

*That forever and ever*

**Ngihlale naye le!**

*I shall be with Him there!*

## **62. LALELANI NANT'**

### **ILIZWI**

#### **LISTEN TO THIS WORD**

- 1. Lalelani, nant' ilizwi,**  
*Listen to this word,*  
**Izwi loMsindisi wethu**  
*The word of our Saviour.*  
**"Bheka, ngiza masinyane,**  
*"See, I am coming soon;*  
**Ngiza nokuvuza kwami."**  
*Coming with My reward."*
- 2. Izelan' iNkosi yethu?**  
*Why is our Lord coming?*  
**Iza ukwamkel' abayo**  
*He is coming to take His own*  
**Babe nayo laph' ikhona**  
*To be with Him where He is*  
**Babon' ubukhosi bayo.**  
*And to see His kingship.*
- 3. Bayomiswa phambi kwayo**  
*They will stand before Him;*  
**Bazilande bonke kuyo**  
*They will tell everything*  
**Ngawo onk' amazwi abo**  
*About all their words*  
**Nemsebenzi yabo futhi.**  
*And all their deeds.*

- 4. Obehamba ngenhliziyo**

*He who has walked with his heart*

**Ephelele eNkosini**

*Complete in the Lord,*

**Omsebenzi wakhe umi,**  
*Whose work stands,*  
**Uyobongw' iNkos'**  
**avuzwe.**

*Will be thanked and rewarded by the Lord.*

- 5. Keph' obengahambikahle,**

*But he who did not walk properly,*

**Engahlali eNkosini**  
*Who did not stay in the Lord,*  
**Uyalahlekelw' umvuzo**  
*Will lose his reward*  
**Ahlupheke njalonjalo.**  
*And suffer forever.*

### **63. L'YENAN' IZULU** **HEAVEN CONFIRMS**

- L'yenan' izulu ngeculo  
lami!**  
*Heaven confirms my song!*  
**Ngithethelelw izono zam'**  
*I am forgiven of my sins.*  
**OUJesu wafa 'ndaweni  
yami,**  
*Jesus died in my stead;*  
**Izono zami zikude nam';**  
*My sins are far from me.*  
**Njeng'enhlukano  
yempumalanga**  
*Like the east and the west,*  
**Nentshonalanga, zikude  
le-**  
*They are far away.*  
**Ushilo njalo, akanamanga,**  
*He said, and He cannot lie;*  
**Ngithemb kuye,**  
**ngimbonga nje.**  
*I trust Him, I praise Him.*
- Sengiyahamba  
ekukhanyeni,**  
*I am walking in the light;*  
**Igazi liyangihlanza, qwa!**  
*His blood cleanses me!*  
**Uyangingcina  
nasothandweni**  
*He keeps me in His love;*  
**Ngiphathwa njalo  
ngomusa dwa!**  
*I am loved always!*  
**Nonxa ngilize la' othulini**  
*Though here I am nothing  
but dust*

**Ngiyindlalifa yeNkosi le,**  
*I am an heir of the Lord.*  
**Imfuyo yami iseuzlwini**  
*My inheritance is in heaven,*  
**Igcinwe kahle impela, he!**  
*Kept safe for me there!*

- Nalenjabulo esenginayo**  
*The joy I have,*  
**Ngingeyaphucwe umuntu,  
qha!**  
*No one can take from me!*  
**Inxa ngihlezi ngizindla  
ngayo**  
*I meditate about it;*  
**Imiyalo Yakhe inzima na?**  
*His commandments are not  
hard.*  
**Uhlala kimi, ngihlala  
kuye.**  
*He lives in me, I live in Him.*  
**Nguyen'owenz' umsebenzi  
la,**  
*He is the One who does the  
work.*  
**Kozinikela, aphathwe uye,**  
*For the one who gives  
himself to Him,*  
**Uyamnqobela nezitha nya.**  
*He defeats his foes.*

**4. Anduba ngiyakumona khona**  
*Before I see Him there*  
**Ekhaya laKhe, phezulu he!**  
*In His home above.*  
**Bazokhanyis' okwelanga bona**  
*They will shine like the sun*  
**Abamlandel' emhlabeni la.**  
*Those who follow Him on earth.*  
**Yebo-ke nawe ongakakholwa,**  
*You who have not yet believed*  
**Uyabizelw' enhlanhleni bo;**  
*Are called to the blessing;*  
**Lomusa ongaka sewungatholwa**  
*There, great grace can be received;*  
**Wanele bonke umusa lo.**  
*It is sufficient for all.*

#### **64. NANKU UMTHOMBO WEGAZI**

##### **THERE IS A FOUNTAIN OF BLOOD**

**1. Nanku umthombo wegazi**  
*There is a fountain of blood*  
**Uvela kuJesu,**  
*Coming from Jesus.*  
**Zigezeni kuwo zoni**  
*Sinners, wash in it,*  
**Usiza kakhulu.**  
*It helps greatly.*

**2. Nal' isela lajabula**  
*Even the thief was happy*  
**Libona lomthombo**  
*To see this fountain.*  
**Nami ngonile kangaka**  
*And I, who have sinned so greatly;*  
**Ngingagezwa khona.**  
*Even I can be washed in it.*

**3. O, Nkosi igazi Lakho**  
*O Lord, Your blood*  
**Lingeke laphela**  
*Will never cease*  
**Kusinde ibandla Lakho**  
*Cleansing Your church*  
**Lingabi nacala.**  
*To be spotless.*

**4. Lapho ngaqal' ukubona**  
*Since I saw*  
**Lomthombo wegazi**  
*This fountain of blood,*  
**Ngalukhulumela njalo**  
*I will always speak of*  
**Uthando IweNkosi.**  
*The love of the Lord.*

**5. Ngisho ekufeni kwami**  
*Even as I die*  
**Ngisahlabelela**  
*I will be singing.*  
**Nom' uthul' umlomo wami**  
*Though my mouth be closed,*  
**Ngisahuba njalo.**  
*I will continue singing.*

## **65. WO NGOBUKHULU BENHLUPHEKO** **WITH A GREAT SORROW**

- 1. Wo! Ngobukhulu  
benhlupheko**  
*Alas! With great sorrow*  
**E! Msindisi wami;**  
*O! My Saviour*  
**Mhla uziphela nokuphila**  
*When You gave Your life*  
**Ngosindiso lwami**  
*For my salvation,*  
**Wawukhathazwa**  
**udunyazwa**  
*You were scoffed at and  
mocked.*  
**Ngobonga ngani eNkosini?**  
*With what shall I thank  
You?*
- 2. Zonke izon' engazenzayo,**  
*All the sins I committed,*  
**Wangithwalela;**  
*You bore for me;*  
**Onk' amacal'**  
**enganginawo**  
*All the debts I owned,*  
**Wangihlaw'lela.**  
*You paid for me.*  
**Wanyamezela uthulile**  
*You persevered quietly.*  
**Ngobonga ngani eNkosini**  
*With what shall I thank the  
Lord*  
**Ngingenalutho?**  
*Since I have nothing?*

- 3. Wo ngobuhlungu  
bemivimbo**  
*Alas, the punishment of  
stripes,*  
**Owayithola**  
*You received.*  
**Wo ngokusinda**  
**konqamlezo**  
*Alas, the weight of the cross*  
**Waluthwala.**  
*You carried.*  
**Wangikhokhela**  
**inhlawulo,**  
*You paid the ransom.*  
**Ngobonga ngani eNkosini**  
*With what shall I thank the  
Lord*  
**Ngingenalutho?**  
*Since I have nothing?*
- 4. Wo ngobuhlungu  
benhliziyo**  
*Alas, the sorrow of heart*  
**Usuyalela**  
*When You spoke Your last  
words.*  
**Nokho eyakho inhliziyo**  
*But Your heart*  
**Yathethelela**  
*Forgave*  
**Nezitha zakho wazihlenga**  
*Your enemies; You also  
saved.*  
**Ngobonga ngani eNkosini**  
*With what shall I thank the  
Lord*  
**Ngingenalutho?**  
*Since I have nothing?*

## **66. ALIKHO EMHLABENI IKHAYA LAMI**

**THIS WORLD IS NOT MY HOME**

**1. Alikho emhlabeni ikhaya  
lami, qha**

*There is no home for me on  
earth, no,*

**Nginguye ohambayo  
ngizula-zula la**

*I am one who goes wandering.*

**Ikhaya lami nanto!**

**Lisezulwini, ha!**

*My home is there! In heaven!*

**Alikho la elinje nalodwa.**

*There is nothing like that one.*

**CHORUS:**

**Khaya lam', lihle hle!**

*My home, so lovely!*

**Muzi wam', muhle-ke!**

*My city—it is beautiful!*

**Ikhona sizohuba sithi:**

**Haleluya!**

*Where we shall sing saying:  
Hallelujah!*

**Bheka le, buso bam'!**

*Look there, my face!*

**Yizwa-ke, ndlebe yam'!**

*Hear, Oh my ears!*

**Ikhaya lami nanto**

**phezulu.**

*My home is there above.*

**2. Kungabantoni manje  
ezongibamba la?**

*What will now hinder me here?*

**Ngifuna inhliziy**

**emhlopho ithe pha**

*I want a pure heart*

**Ngokuba kungengene  
ekhaya leliya**

*For in that home there will  
enter*

**Into engcolileyo nayodwa.**

*Not one impure thing.*

**3. Mhla sobasingenile sibon'  
umuzi le,**

*When we enter we will  
behold a city there*

**Nay'uMsindisi wethu  
nobuhle buthe hle**

*And even our Saviour, so  
wonderful.*

**Sokhipha nant' igama  
ngokumangala, he**

*We shall utter this word in  
amazement,*

**"Angithselwanga noma  
inxenye."**

*"I was not told even the  
half."*

**4. Sengiyacela, Nkosi  
ubangiphewe-ke**

*I am asking, Lord, that I be  
given*

**Lamandl' engiwadinga  
ubangifike le,**

*The strength I need to reach  
there,*

**Ngokuba izilingo**

**zingihaqile, he**

*For temptations have  
covered me up;*

**Ngiyohluleka uma  
ngingedwa.**

*I will fall if I am alone.*

**67. IGAZI**  
**LEMIHLATSHETO**  
**THE BLOOD SACRIFICES**

- Igazi lemihlatshe**  
